



Nalibali

It starts with a story...

Reading aloud to children stimulates their imagination and develops their language, curiosity and knowledge all while they experience the pleasure of stories! But reading aloud well – whether it is to your own children or a group of children in your class or reading club – is an art! Here are some tips to help you:

1. Choose books to read that you enjoy but also ones that match your children's changing interests.
2. Reading aloud is always a performance! Put lots of expression in your voice to create the mood.
3. Practice makes perfect so if you're new to this, read the story aloud before you read it to a group of children.
4. Try to be aware of your listeners and don't read too fast! Allow time for them to look closely at the illustrations or to create a mental picture as you read.
5. Books with rhyme, rhythm and repetition make good read-aloud books for young children and to introduce a new language. As they get to know the story, encourage children to join in as you read.
6. Children may need time to settle before you begin reading. Young children respond well to a song or rhyme or guessing what the story might be about from the cover picture and title. Ask older children to recall what happened in a novel at the end of your last read-aloud session.
7. Start by reading the name of the author (and illustrator) so children appreciate that books are created by people just like them!
8. We all have to learn how to listen to and engage with a story. Draw your children into the story: for example, ask them what they think might happen next, discuss one of the pictures or ask them to turn the pages for you.
9. When you read a picture book, make sure that all the children get a chance to see the pictures. You might like to pause to show the pictures and allow comments or questions as you read or after you've read the whole book through once.
10. If you are reading a novel aloud, read a chapter or part of a chapter each day. Find a place in the story to stop that will make your listeners eager for you to continue tomorrow.


For more information on reading with children, go to www.nalibali.org

Ukufundela izingane kuzwakale kukhuthaza ukuzakhela izithombe zomqondo kwezingane futhi kuthuthukisa ulimi ezilukhulumayo, ukuthola ukuthi izinto zenzeka kanjani kanye nolwazi ngesikhathi zithokozela ubumnandi bezindaba! Kodwa ukufunda kahle kuzwakale – okungabe ukwenzela izingane zakho noma izingane eziningana egumbini lokufunda noma ethimbeni lokufunda – kuyikhono lobungcweti! Nanka amanye amacebo angakusiza:

1. Khetha izincwadi enizozifunda ozithokozelayo kodwa kube yilezo ezihambisana nokushintshashintsha kwezinto ezithandwa izingane zakho.
2. Ukufunda kuzwakale kuhlale kungukulingisa! Yenza ukuthi izwi lakho lakhe umoya othile.
3. Ukuhlale uzijwayeza kukwenza ube umpetha ngakho uma ungununtu osemusha kulo mkhakha, funda indaba kuzwakale ngaphambi kokuba uyifundele izingane eziningi.
4. Zama ukuhambisana nobafundelayo futhi ungafundi usheshe kakhulu! Nikeza izingane isikhathi sokuthi zibhekisise imidwebo noma ukuthi zizenzele izithombe zomqondo ngesikhathi ufunda.
5. Izincwadi ezinemilolozelo, isigqi nempinda zenza izincwadi ezikahle ukuthi ungazifunda kuzwakale ufundele izingane ezincane nokuthi ungenise ulimi olusha. Ngenkathi izingane ezincane ziya ngokujwayela indaba, zigqgquzele ukuthi zihlanganyele nawe ngesikhathi ufunda.
6. Kungenzeka ukuthi izingane zidinge isikhathi sokuzilungiselela ngaphambi kokuthi uqale ukufunda. Izingane zihambisana kangcono neculo noma umlozelo noma ukuqagela ukuthi ngabe indaba imayelana nani ngokubheka umdwebo osekhaveni kanye nesihloko sencwadi. Cela izingane ezindala ukuthi zikhumbule ukuthi kwenzekeni enovelini esikhathini senu sokucina sokufunda kuzwakale.

7. Qala ngokufunda igama lombhali (nodwebe imidwebo) ukuze izingane zazise ukuthi izincwadi zenziwa abantu abafana nazo!
8. Kumele sifunde sonke ukuthi silalela futhi sizibandakanye kanjani nendaba. Yenza izingane zakho zibe yingxenywe yendaba: isibonelo, zibuze ukuthi zicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka, xoxani ngesinye sezithombe noma uzicele ukuthi zikuphenyele amakhasi.
9. Uma nifunda incwadi enezithombe, qinisekisa ukuthi zonke izingane ziyalithola ithuba lokubona izithombe. Kungenzeka ukuthi niithande ukubuye nime ukuze nibone izithombe bese uvumela ukuthi izingane ziphawule ngokuthile noma zibuze imibuzo ngemuva kokuba seniyifunde kanye nayaqeda incwadi.
10. Uma uyifunda kuzwakale inoveli, funda isahluko noma ingxenye yesahluko ngosuku ngalunye. Thola indawo ozoma kuyo endabeni ezokwenza ukuthi abakulalele bafise ukuthi uqhubeke nayo kusasa.

Ukuze uthole olunye ulwazi mayelana nokufunda nezingane, iya ku- www.nalibali.org



Drive your imagination

Sparking children's potential through storytelling and reading

Ukokhela inhlansi yalokho izingane ezingakwazi ukukwenza ngokuxoxwa kwezindaba nokufunda





Drive your imagination

Story stars

Meet the winners!

When we launched the Nal'ibali newspaper supplements in June this year, we ran a competition, in which you could win a mini-library for your reading club or school. All of the winners of this competition are people dedicated to getting the children in their communities passionate about reading but their clubs or schools were struggling with a lack of resources. Now, having won ten boxes of books each, this has changed!

Abavelele ezindabeni

Naba abaphumelele!

Ngesikhathi sethula izithasiselo zephephandaba zakwaNal'ibali ngoJuni walo nyaka, saba nomncintiswano lapho owawungaziwinela khona umtapo wezincwadi omncane wethimba lakho lokufunda noma wesikole sakho. Bonke abantu abaphumelele kulo mncintiswano bangabantu abazinikele ekwenzeni izingane emiphakathini yangakubo ukuthi zibe nentshisekelo yokufunda, kodwa amathimba abo okufunda noma izikole zabo bezinenkinga enkulu yokuntuleka kwezinsiza. Manje sekushintshile lokhu ngoba umuntu ngamunye uwine amabhokisi ayishumi ezincwadi!

Fundisa Mbulawa is a volunteer at the Nalithemba Reading Club in the Tshatshu location near Zwelitsha. She is positive about the effects that reading can have and the response to reading clubs in her area.

UFundisa Mbulawa uyivolontiya eNalithemba Reading Club elokishini laseTshatshu eliseduze naseZwelitsha. Unentshisekelo ngomthelela ukufunda okungaba nawo kanye nangendlela izingane zendawo ezithakasela ngayo amathimba okufunda endaweni yangakubo.



Fundisa Mbulawa – East London winner

Gail Hawes is a member of the Zama Reading Club in Port Elizabeth. She explains: "On the first day we had all the books ready, it was like Christmas! I wish I could have photographed the children's faces when they realised that for the first time there were enough books for each child to read their own".

UGail Hawes uyilungu leZama Reading Club ePort Elizabeth. Uyachaza: "Ngosuku lokuqala sase silungiselele ngazo zonke izincwadi, kwakungathi uKhisimuzi! Ngifisa sengathi ngabe ngangithathe isithombe sendlela ubuso bezingane obabubukeka ngayo ngesikhathi zibona ukuthi sinezincwadi ezanele ukuthi ingane ngayinye ingakwazi ukuzifundela incwadi yayo".



Gail Hawes – Port Elizabeth winner

Nokukhanya Ndlovu is a teacher at Sandasonke Primary School. Having won the Nal'ibali mini-library competition, Nokukhanya is thrilled to be able to share a 'library experience' with the children at her school.

UNokukhanya Ndlovu unguthisha eSandasonke Primary School. UNokukhanya uthokoze kakhulu


ngokuwina umtapo wezincwadi omncane wakwaNal'ibali ngoba uzokwazi ukwabelana 'ngomtapo wezincwadi' nezingane ezisesikoleni sakhe.



Nokukhanya Ndlovu – KwaZulu-Natal winner

Bongisa Nkuzo, a Samora Machel resident, has been running a reading club from the Weltevreden Library. She feels positive about the effects that the club can have in her community.

UBongisa Nkuzo, ohlala eSamora Machel, ubephethe ithimba lokufunda kumtapo wezincwadi waseWeltevreden. Uzizwa enethemba ngomthelela ithimba lokufunda elinawo emphakathini wangakubo.



Bongisa Nkuzo – Western Cape winner

In their words...

"Reading has done so many great things for me. As a parent, you should read because then it's easy for children to see that reading is good."

Fundisa Mbulawa

"If you don't read, it's like you're not breathing. Reading frees your mind and makes you realise anything is achievable."

Nokukhanya Ndlovu

Amazwi abo...

Ukufunda sekungenzela izinto ezinkulu eziningi kakhulu. Kumele ufunde njengomzali ngoba kulula ukuthi izingane zibone ukuthi ukufunda kuyinto enhle.

UFundisa Mbulawa

Uma ungafundi kufana nokuthi awuphefumuli. Ukufunda kukhulula umqondo wakho futhi kukwenze ubone ukuthi ungakwazi ukuzuzisa noma yini.

UNokukhanya Ndlovu



Prasheel Hargovan – Gauteng winner

The winner in Gauteng was Prasheel Hargovan of Franklin D Roosevelt Primary. Prasheel loves getting his Nal'ibali supplement each week.

Owaphumelela eGauteng kwakunguPrasheel Hargovan wase-Franklin D Roosevelt Primary. UPrasheel uyakuthanda ukuthola isithasiselo sakhe sakwaNal'ibali isonto ngalinye.

CAMBRIDGE

OXFORD

PEARSON

Create your own mini-book Zenzele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Get story active!

After you and your children have read *Crocodile's sore tooth*, you might like to try out some of these ideas.

If you have 10 minutes...

- Talk about the bird in the story. Do your children think he was brave or a little foolish? Can they think of reasons for their opinions?
- Ask your children to think about what might have happened before the story started: how did the meat get stuck in Crocodile's tooth and where did he get the meat from?

If you have 30 minutes...

- Read the story again but this time stop to talk about each of the pictures with your children. Ask them questions that draw their attention to the details in them. For example, let them look at the expression on the crocodile's face in each picture and try to describe how they think he feels.
- Together learn the tickling rhyme on page 11 of the story. Then use it to play a tickling game: the person being tickled sees how many times he/she can say the rhyme without laughing!
- Invite your children to continue the story: what do they think Crocodile might do now that his tooth is not sore and he feels hungry?

If you have one hour...

- Encourage your children to draw pictures of each animal in the story and then to cut them out. Now use their pictures to retell and write the story together.
- Write riddles about each of the animals in the story. Let your children complete the riddle frame below or write their own riddles. Then share your riddles with each other and see if you can guess the animal being described each time.

I am _____
 I _____ and _____
 I like to _____
 What am I?

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Izinyo elibuhlungu Lengwenya* kungenzeka nithande ukuzama eminye yale miqondo.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Xoxani ngenyoni esendabeni. Ngabe izingane zicabanga ukuthi yayinesibindi noma yayiyisiwula? Ngabe izingane zinazo izizathu zemibono yazo?
- Cela izingane zakho ukuthi zicabange ngokuthi ngabe kwenzekeni ngaphambi kokuba kuqale indaba: igaxele kanjani inyama ezinyweni leNgwenya futhi iyithole kuphi inyama?

Uma ninemizuzu engama-30...

- Fundani indaba futhi kodwa manje yimani nikhulume ngesithombe ngasinye nezingane zakho. Zibuze imibuzo ezenza ukuthi zibhekisise imininingwane esendabeni. Isibonelo, zicele ukuthi zibheke indlela okubukeka ngayo ubuso bengwenya esithombeni ngasinye bese zizama ukuchaza ukuthi zicabanga ukuthi izizwa kanjani.
- Fundani kanyekanye umlozelo okitazayo osekhasini le-11 lendaba. Bese niwusebenzisela ukudlala umdlalo okitazayo: umuntu okitazwayo kumele abheke ukuthi uzokwazi ukuwusho kangaki umlozelo engahleki!
- Cela izingane zakho ukuthi ziqhubeke nendaba: ngabe zicabanga ukuthi ingwenya izokwenzenjani manje njengoba izinyo layo lingasebuhlungu nje, futhi isizizwa ilambile?

Uma ninehora elilodwa...

- Gqugquzela izingane zakho ukuthi zidwebe izithombe zesilwane ngasinye esisendabeni bese zizisika zizikhiphe izithombe. Sebenzisani izithombe zazo ukuze nixoxe kabusha futhi nibhale indaba ndawonye.
- Bhalani isiphicaphicwano ngesilwane ngasinye esisendabeni. Vumela izingane zakho ukuthi zigwalise uhlaka lwesiphicaphicwano olungezansi noma ukuthi zibhale ezazo iziphicaphicwano. Yabelanani ngeziphicaphicwano bese nibheka ukuthi nizokwazi yini ukuqagela ukuthi yisiphi isilwane esikhathini ngasinye.

Ngi- _____
 (Mina) Ngi- _____ futhi _____
 Ngithanda _____
 Ngiyini?

Can you find these words from *Crocodile's sore tooth*?

- beak
- bird
- crocodile
- elephant
- feet
- giraffe
- meat
- monkey
- mouth
- tongue



Ngabe ungakwazi ukuthola amanye alawa magama endabeni ethi *Izinyo elibuhlungu Lengwenya*?

- izinyo
- inyoni
- ingwenya
- indlovu
- izinyawo
- udaka
- inyama
- inkawu
- umlomo
- ulimi

STOP! If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.



YIMA! Uma ungeke usisebenzise lesi sithasiselo sicela usinikeze umuntu ozosisebenzisa. Sihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, kumtapowolwazi noma kumuntu omaziyo.

z	m	o	n	k	e	y	a	c	e
f	e	g	i	a	j	l	n	q	u
b	a	d	f	e	h	k	o	n	p
r	t	s	u	b	i	r	d	v	f
m	o	u	t	h	w	c	g	r	e
a	n	o	g	i	r	a	f	f	e
y	g	e	l	e	p	h	a	n	t
p	u	b	i	h	x	q	t	d	z
e	e	l	i	d	o	c	o	r	c

i	n	k	a	w	u	i	a	c	i
n	e	i	n	y	o	n	i	q	u
d	a	i	z	i	n	y	o	n	d
l	t	s	u	b	i	a	d	v	a
o	m	o	l	m	u	m	g	r	k
v	n	o	i	i	r	a	f	f	a
u	g	e	m	e	p	h	a	n	a
p	i	z	i	n	y	a	w	o	m
e	a	y	n	e	w	g	n	i	i

Story corner

Here is a story about determination and achieving your goals for you to read aloud or tell.

Running for life (Part 1) by Gisella Winkler

It was a warm morning. The sun shone and people everywhere were smiling. But for Thembi, it felt like one of the worst days of her life.

"The doctor doesn't think I should run the marathon," she told her brother, as they walked out of the surgery. She felt angry and hurt.

"He is worried about your health, Thembi," Thabo said gently. "The Comrades is 89km long. It is a very tough race."

"Others have done it," Thembi replied.

"But they are not HIV positive," said Thabo.

"I started running, because I am HIV positive," Thembi reminded him. "You are the one who got me into it. You said HIV is not a death sentence. You told me to stop feeling sorry for myself and said I should do some exercise to keep my body healthy."

Thembi was right. When she found out that she was HIV positive, her brother had encouraged her to take better care of her body. Together they had started to run and then they had entered their first race together.

"Let's do it again, Thabo!" Thembi said. "Let's train together. I really, really want to run the Comrades Marathon."

The following weekend, Thabo and Thembi met with friends from their running club who were preparing for the Comrades Marathon.

"We must start running longer distances," said Patrick. He had run the Comrades before and was the leader of their team. "Our bodies must learn to keep going, even if we are tired."

His wife, Lina agreed with him.

"We have to build up endurance. It is time on the legs that counts."

Running 30 km was hard for Thembi. It was longer than her usual run. She got very tired, but she did not give up. When the others saw that she was struggling, they encouraged her.

"Keep going," Patrick told her. "Think of taking one step at a time."

"Breathe deeply," advised Linda.

"I know you can do it!" said Thabo as he ran beside her.

After two months of regular training, Thembi was more confident. She could feel her body getting stronger. She was ready to try to run a longer distance.

Find out next week whether Thembi will be ready for the race of her life.

Adapted from *Running for life*. Published by Cambridge University Press. © 2009



Illustration by Phillipa Allen
Imidwebo yenziwe Phillipa Allen



Ikhona lezindaba

Nansi indaba emayelana nokuphokophela kanye nokuzuza lokho okuphokophelele ukukuzuza ozoyifunda kuzwakale noma uyixoxe.

Ukugijimela ukuzigcina uphilile (Ingxenye yoku-1) Libhalwe nguGisella Winkler

Kwakuyisikhathi sasekuseni kufudumele. Lalikhanya kahle ilanga, futhi abantu babemamatheka yonke indawo. Kodwa kuThembi lokhu kwakuzwakala njengosuku olubi kunazo zonke empilweni yakhe.

"Udokotela akacabangi ukuthi ngifanele ukugijima emqhudelwaneni wokugijima ibanga elide," watshela umfowabo, ngesikhathi bephuma egunjini likadokotela ozisebenzayo. Wazizwa egcwele intukuthelo futhi ephatheke kabi.

"Udokotela ukhathazekile ngempilo yakho, Thembi," kusholo phansi uThabo. "I-Comrades ingamakhilomitha angama-89. Ingumqhudelwano onzima."

"Abanye bayigijimile," kuphendula uThembi.

"Kodwa abatholakalanga bephila negciwane lesandulelangculazi," kusho uThabo.

"Ngaqala ukugijima ngenxa yokuphila negciwane lesandulelangculazi," kusho uThembi emkhumbuza. "Nguwe owangifaka kukho. Wathi ukutholakala ukuthi uphila negciwane lesandulelangculazi akusho ukuthi sewugwetshelwe intambo. Wangitshela ukuthi ngiyeke ukuzidabukela waphinde wathi kumele ngizivocavoce ukuze ngigcine umzimba wami uphilile."

Wayeqinisile uThembi. Ngesikhathi ethola ukuthi uphila negciwane lesandulelangculazi, umfowabo wamgugquzela ukuthi awunakekela kahle umzimba wakhe. Baqala ukugijima ndawonye futhi babengenele umqhudelwano wabo wokugijima wokuqala ndawonye.

"Ake siphinde futhi, Thabo!" kusho uThembi. "Asizilongwe ndawonye. Ngikufuna ngempela ukugijima i-Comrades Marathon."

Ngempelasonto elandelayo, uThabo noThembi bahlangana nabangani babo beqembu lokugijima ababezilungiselela ukugijima i-Comrades Marathon.

"Kumele siqale ukugijima amabanga amajana," kusho uPatrick. Wayeke wayigijima i-Comrades ngaphambilini futhi wayengumholi weqembu labo. "Kumele sifundise imizimba yethu ukuqhubeka noma sizwa ukuthi sikhathele."

Unkosikazi wakhe, uLina, wavumelana naye.

"Kumele sizijwayeze ukumelana nezimo. Isikhathi esisigijimayo esibalulekile."

Kwakunzima kuThembi ukugijima amakhilomitha angama-30. Ibanga lalilide kunalelo ayejwayele ukugijima. Wazizwa esekhathele kakhulu kodwa akazange ayeke. Abanye bamgugquzela ngesikhathi bebona ukuthi uyehluleka.

"Qhubeka," kusho uPatrick kuye. "Cabanga ngokude uthatha isinyathelo esisodwa ngesikhathi esisodwa."

"Donsa kakhulu umoya," kucebisa uLina.

"Ngijazi ukuthi ungakwazi ukukwenza lokhu!" kusho uThabo ngesikhathi egijima eceleni kwakhe.

Ngemva kwezinyanga ezimbili zokuzilongwa, uThembi wayesezethemba kakhulu. Wayewuzwa umzimba wakhe uya ngokuba namandla. Wayesekulungele ukugijima amabanga amajana.

Thola ngesonto elizayo ukuthi ngabe uThembi uzowulungela yini umqhudelwano omkhulu kunayo yonke ake ayigijima empilweni yakhe.

In your next Nal'ibali supplement:

- Using books to help children deal with difficult issues
- Fun-filled activity ideas for the school holidays
- Mini-book, *Nosipho comes to stay*
- The final part of the read-aloud story, *Running for life*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA

Which is your favourite part of the supplement? Tell us on Twitter using the hashtag #nalibaliSA Iyipi ingxenye oyithandayo kulesi sithasiselo? Sitshele ku-Twitter ngokusebenzisa u-hashtag #nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukusebenzisa izincwadi ukusiza izingane ukuthi zibhekane nezinto ezinzima
- Amacebo emisebenzi ethokozelekayo yesikhathi kusavalwe izikole
- Ibhukwana, *UNosipho uzohlala noGogo*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Ukugijimela ukuzigcina uphilile*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA





Crocodile's sore tooth is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. All the readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website www.cup.co.za.

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: www.nalibali.org





Drive your
imagination

CAMBRIDGE


Crocodile's sore tooth Izinyo elibuhlungu Lengwenya

Fundisile Gwazube
Lulu Khumalo
Linda Pantsi
Nompulelo Yako
Graeme Viljoen





"Ow! Ow! Ow!" sobbed Crocodile.
All the animals heard him cry and came to see
what was wrong.



"Eshu! Eshu! Eshu!" kukhala Ingwenya.
Zonke izilwane zayizwa ikhala zeza ukuzobona
ukuthi yini eyonakele.

"My tooth is sore!" cried Crocodile. "I can't eat anything."

"Put gum leaves on it," said Giraffe.

"I've already tried that," moaned Crocodile, "and it didn't work."

"Izinyo lami libuhlungu!" kukhala Ingwenya. "Angikwazi ukudla noma yini."

"Beka amagatsha enhlaka phezu kwalo," kusho Indlulamithi.

"Sengikuzamile loko," kububula Ingwenya, "kodwa akuzange kusebenze."



"Put some mud on it," said Elephant.

"I've already tried that," groaned Crocodile, "and it didn't work."

"Beka udaka phezu kwalo," kusho Indlovu.

"Sengikuzamile loko," kububula Ingwenya, "kodwa akuzange kusebenze."






"Pull it out! Pull it out!" shouted Monkey, jumping up and down.

"No, no, no!" cried Crocodile.

"Likhiphe! Likhiphe!" kumemeza Inkawu, igxuma iya phansi naphezulu.

"Cha, cha, cha!" kukhala Ingwenya.



"I'll help you," said a little voice.

The animals looked around to see who had spoken. It was Bird.

"Ngizokusiza," kusho izwi elincane.

Izilwane zabheka zazungeleza ukubona ukuthi ngubani owayekhulumile.

Kwakuyinyoni.



“Uma ngikusiza, kumele uthembise ukuthi awusoze wangidla emva kwaloko,” kusho Inyoni.

“Ngiyathembisa,” kukhala Ingwenya.

“Vula umlomo wakho kakhulu,” kuphoqelela Inyoni.

Ingwenya yavula umlomo wayo kakhulu.

Inyoni yagxumagxumela emlonyeni

Wengwenya yahlokoza ngomlomo wayo.

“If I help you, you must promise not to eat me up,” said Bird.

“I promise,” sobbed Crocodile.

“Open your mouth wide,” ordered Bird.

Crocodile opened his mouth as wide as he could. Bird hopped into Crocodile’s mouth and poked around inside it with his beak.



"I see the problem," said Bird. "You have a piece of meat stuck between your teeth."

"Of course," said Crocodile with his mouth wide open, "I eat a lot of meat."

Bird used his beak to grab the meat. He pulled and pulled but the meat was stuck.



"Ngiyayibona inkinga," kusho Inyoni. "Kunenyama ebhajiwe ngaphakathi kwamazinyo akho."
"Ngempela," kusho Ingwenya ngomlomo wayo ovuleke kakhulu, "ngidla inyama eningi njalo."
Inyoni yasebenzisa umlomo wayo ukubamba inyama. Yadonsa yaphinde yadonsa kodwa inyama yayibhajiwe.

As he pulled, his feet tickled Crocodile's tongue.
Crocodile began to laugh.

"Ha! Ha! Ha!

Hee! Hee! Hee!

Stop! Stop! Stop!

You're tickling me!"



Ngenkathi idonsa, izinyawo zayo zakitaza ulwimi lweNgwenya.
Ingwenya yaqala ukuhleka.

"Ha! Ha! Ha!

Hee! Hee! Hee!

Yima! Yima! Yima!

Uyangikitaza!"



As Crocodile laughed, his head shook from side to side. Bird held on tightly. "Don't swallow me Crocodile. Remember your promise!" he called.

Ngenkathi Ingwenya ihleka, ikhanda layo lalishukuma liya ngapha nangapha. Inyoni yabambelela yaqinisa. "Ungangigwinyi Ngwenya. Khumbula isethembiso sakho!" isho imemeza.

Then, suddenly out popped the meat and out popped Bird.

Ngokushesha kwaphuma inyama kwaphinde kwaphuma neNyoni.



"It's out! It's out!" sang Bird.
"Hooray!" shouted the animals.

"Iphumile! Iphumile!" kucula Inyoni.
"Halala!" kumemeza izilwane.



Everyone cheered as little Bird flew around
Crocodile's head.
"All that laughing has made me hungry," said
Crocodile as he looked around at his friends ...

Wonke umuntu wahalalisela Inyoni encane
ngenkathi indiza izungeleza ikhanda leNgwenya.
"Konke lokuya kuhleka kungenze ngaphathwa
yindlala," kusho Ingwenya ngenkathi ibheka
izungeleza kube bonke abangane bayo ...

